

NguMongameli Dieter F. Uchtdorf
UMeluleki Wesibili KubuMongameli BokuQala



Olungileyo Uzophila Ngokukholwa

IRabi nomakhi wensipho

Kukhona inganekwane endala yamaJuda ekhuluma ngomakhi wensipho owayengakholelwa kuNkulunkulu. Ngolunye usuku ngesikhathi ehamba neRabi, wathi, “Kukhona engingakuqondisisi. Sesibe nenkolo izinkulungwane zeminyaka. Kepha yonke indawo lapho obheka khona khona ububi, inkohlakalo, ukungathembeki, ukungalungi, izinhlungu, ukulamba, kanye nodlame. Kusengathi inkolo ayikawushintshi umhlaba nhlobo. Ngakho ngiyakubuza, yinhle ngani?”

IRabi alizange liphendule isikhashana kepha laqhubeka lahamba nomakhi wensipho. Ekugcineni basondela ebaleni lapho izingane, ezigcwele uthuli, zazidlala ekungcoleni.

“Kukhona engingakuqondisisi,” kusho irabi. “Bheka lezi zingane. Sesibe nensipho izinkulungwane zeminyaka, kepha lezi zingane zingcolile. Yinhle ngani insipho?”

Umakhi wensipho waphendula, “Kepha rabi, akulungile ukubeka icala ensiphweni ngenxa yalezi zingane. Insipho kumele isentshensiswe ngaphambi kokufeza injongo yayo.”

Irabi lamoyizela lase lathi, “Kunjalo-ke.”

Sizophila Kanjani?

Umphostoli uPawulu, ecaphuna amazwi amphrofethi weThesamende eliDala, wachaza ukuthi kuchaza ukuthini ukuba yikholwa ngesikhathi ebhala, Olungileyo uzophila ngokukholwa.” (AmaRoma 1:17).

Mhlawumbe kulo musho olula siqonda umehluko phakathi kwenkolo ebuthakathaka nenganamsebenzi kanye nenamandla okuguqula izimpilo.

Kepha ukuqondisisa ukuthi kuchaza ukuthini ukuphila ngokukholwa, kumele siqondise ukuthi yini ukholo.

Ukholo lukhulu kunethemba. Ukwethemba uNkulunkulu ngokugcwele okuhambisana nezenzo.

Yinto enkulu kunokufisa.

Yinto enkulu kunokuhlala phansi nje, siqequzise amakhanda ethu, futhi sithi siyavuma. Uma sithi “Olungileyo *uzophila ngokukholwa*,” sichaza ukuthi silulekwa futhi sikhonjiswa indlela ukholo lwethu. *Siziphatha* ngendlela ehambisana nokholo lwethu—hhayi ngokulalela okungacatshangiwe kepha ngenxa yothando oluthembekile noluqotho likaNkulunkulu ngenxa yokuhlakanipha okungenanani akumbhulele abantwana Bakhe.

Ukholo kumele luhambisane nezenzo; ngaphandle kwalokho alunampilo (bona EkaJakobe 2:17). Akulona neze ukholo. Alunawo amandla okushintsha noyedwa umuntu, yekela-ke umhlaba.

Amadoda nabafazi bokholo bakholelwa kuBaba wabo oseZulwini onomusa— ngisho ngezikhathi zokungazi, ngisho ngezikhathi zokungabaza nobunzima ngesikhathi bengaboni kahle noma bengaqondisisi.

Amadoda nabafazi bokholo bahamba indlela yobufundi futhi bazama ukulandela isibonelo sikaMsindisi wabo othandekile, uJesu Kristu. Ukholo luyagquguzela futhi,

ngempela, luyasikhuthaza ukuthi sinamathelise izinhliziyi zethu ezulwini futhi sifinyelele, siphakamise futhi sibusise abanye bethu.

Inkolo enganazo izenzo injengensipho ehlala ebhokisini. Ingaba nekusasa eliqhakazile, kepha empeleni inamandla amancane okwenza umehluko kuze kube ukuthi ifeza injongo yayo. Ivangeli likaJesu Kristu elibuyisiwe liyivangeli lezenzo. IBandla likaJesu Kristu lifundisa inkolo eyiqiniso njengomlayezo wethemba, wokholo, kanye nesihe, kanye nokusiza abanye ngokomoya nangezindlela zesikhashana.

Ezinyangeni ezimbalwa ezidlule, unkosikazi wami, uHarriet, nami sasithathe uhambo nabanye abantwana bethu endaweni yaseMediterranean. Savakashela amanye amakampi abantu ababalekele kulelo lizwe sahlanguana nemindeni ephuma emazweni abhubhile ngenxa yezimpi. Laba bantu ababona abenkolo yethu, kepha babengabafowethu nodadebethu futhi babedinga usizo ngokushesha. Izinhliziyi zethu zathinteka ngokujulile ngesikhathi sibona indlela ukholo olusebenzayo lamalunga eBandla lethu laletha usizo, impumuzo, kanye nethemba kubafowethu abanosizi, ngaphandle kokubuka inkolo yabo, uhlobo, noma imfundo.

Ukholo oluhlanganiswe nezenzo ezingapheli amandla lugcwalisa inhliziyi ngomusa, ingqondo ngenhlakanipho nokuqonda, kanye nomphefumulo ngokuthula nothando.

Ukholo lwethu lungasibusisa futhi lufundise abanathi kanye nathi.

Ukholo lwethu lingagcwalisa umhlaba ngokuhle kanye nokuthula.

Ukholo lwethu lungashintsha inzondo kube uthando nezitha zibe ngabangani.

Abulungileyo, ke, baphila ngokusebenza ngokholo; baphila ngokuthembela kuNkulunkulu futhi bahambe endleleni Yakhe.

Futhi ukholo olunjena olungaguqula abantu, imindeni, amazwe kanye nomhlaba.

IMFUNDISO EVELA KULOMLAYEZO

Umongameli Uchtdorf uyachaza ukuthi ukholo lukhulu kunokukhombisa ithemba. Ukholo kuBaba oseZulwini nakuJesu Kristu oluyiqiniso ludinga izenzo, futhi ukuphila ngokukholwa kunamandla okuguqula izimpilo namakhaya. Ungamema labo obafundisayo ukuba baxoxe

ngesikhathi lapho babone khona izibusiso namandla okuphila ngokukholwa—uma bebhaka izibonelo empi-lweni yabo noma kwabanye. Bagqugquzele ukuba bathandazele ukululekwa ngokuphila kangcono ivangeli.

INTSHA

Ukusebenzela Abanye ngoKholo

Umongameli Uchtdorf uyasitshela ukuthi ukholo lwethu kuNkulunkulu *kumele* “luhambisane nezenzo.” Ngesikhathi ukholo lwethu “luhlanganiswe nezenzo ezingapheli amandla,” uyachaza, “lugcwalisa . . . umphefumulo ngokuthula nothando.” Ngalesi sithe-mbiso salesi sibusiso, *singenza* umehluko, futhi siyaku-bona lokhu ezimpilweni zethu uma sithatha isikhathi sokwenza umsebenzi ogcwele ukukholwa. Ungathandaza njalo ekuseni ucele iNkosi Ikusize ekusebenze-leni abanye. Ngesibonelo, mucele Akutshengise uma iselamani sidinga usizo ngomsebenzi wasekhaya noma ngesikhathi umngani edinga amazwi amahle. Bese, ngesikhathi ushushiswa, sebenzela kukho! Uma wenza lemithandazo nalokhu kusebenza usiko, ukusebenza kwakho okunokholo, nokungapheli amandla kuzobusi-sa impilo yakho kanye nezimpilo zabanye. Umongameli Uchtdorf usithembisa ukuthi “ungaguqula abantu, imindeni, amazwe kanye nomhlaba.”

IZINGANE

Themba

Zama lomusebenzi nomngani Kuzomele uthembe futhi ulandele imiyalelo ngesineke.

Thola iphepha elingenalutho bese udweba indingili-za kulo ekhombisa ubuso. Uphethe ipeni noma umsizi esandleni, vala amehlo akho. Dedela umngani wakho akutshela lapho kumele udwebe khona amehlo, ikhala, umlomo kanye nezinwele kulobu buso. Bese uyabheka. Kuphume kanjani? Ungabupenda ubuso bese udweba obunye ukuze nidlale futhi.

Ngesinye isikhathi kulukhuni ukulandela imiyalelo. Kepha uma sizama ukulandela uBaba oseZulwini ngoku-lalela uMoya oNgcwele, Uzosisiza. Singamethemba njalo.



Ukholo Umndeni
Insizakalo

Isifungo nesiVumelwano sobuPhristi

Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho. Ukuqonda injongo yeNhlango Yabesimame Yenkululeko kuwalungiselela kanjani amadodakazi kaNkunkulu ukuba athole izibusiso zempilo engunaphakade?

Ngesikhathi siqonda kangcono njengodade ukuthi isifungo nesi-vumelwano sobuphristi sihlango nathi uqobo, yingesikhathi sizokwa-mukela kangcono izibusiso neze-thembiso zobuphristi.

Igosa M. Russell Ballard wom-Gwamanda wabaliShumi namBili wathi, “Bonke abenze izivumelwano ezingcwele kanye neNkosi futhi bazihloniphe lezo zivumelwano bafanelekile ukuthola isambulo sabo, babusiswe izingelosi ezifundisayo, ukuze bakwazi ukuxhumana kanye noNkulunkulu, ukuze bathole ivangeli eliphelele, futhi, ekugcineni, babe yindlalifa eduzane noJesu Kristu kukho konke uBaba anakho.”¹

Izibusiso nezethembiso zesifungo nesivumelwano sobuphristi zimayelana namadoda nabesimame. Udade uSheri L. Dew, owaye ngumeluleki kubuMongameli Jikelele beNhlango Yabesimame Yenkululeko, wathi, “Ukugcwala kobuphristi

okutholakala kwisimiso esiphakame kunazo zonke endlini yeNkosi kutholakalwa yindoda nenkosikazi behlangane kuphela.”²

Udade uLinda K. Burton, uMongameleli Jikelele weNhlango Yabesimame Yenkululeko, ukhipe lolu bizo, “Ngiyakumema ukuba wazi ngekhandla isifungo nesivumelwano sobuphristi, esitholakala kwiMfundiso neziVumelwano 84:33–44. Ngokwenza lokhu, ngiyakuthembisa ukuthi uMoya oNgcwele uzokhulisa ukuqonda kwakho ubuphristi futhi akukhusele futhi akuphakamise ngezindlela ezinhle kakhulu.”³

Imiyalelo kaJoseph Smith kwiNhlango Yabesimame Yenkululeko yayihlosele ukulungiselela abesimame ukuba “bethole amalungelo nezibusiso neziphobu-zobuphristi.” Lokhu kwakuzofezeka ngezimiso zasethempelini.

“Izimiso zasethempelini [zi] yizimiso zobuphristi, kepha [azi]beki isikhundla sesonto kwamadoda

noma kwabesimame. [Lezi zimiso zifeza] isethembiso seNkosi ukuba abantu bakhe—abesimame namadoda—bezo ‘nikwa amandla avela phezulu’ [iMf&V 38:32].”⁴

Imibhalo eNgcwele kanye nolwazi olungeziwe

IMfundiso neziVumelwano 84:19–40; 121:45–46; reliefsociety.lds.org

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO

LEMFUNDISO

1. UM. Russell Ballard, “Abesilisa nabesimame kanye naMandla obuPhristi,” *Liahona*, Sept. 2014, 36.
2. Sheri L. Dew, in *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 128.
3. Linda K. Burton, “Priesthood Power—Available to All,” *Ensign*, Juni 2014, 39–40.
4. Gospel Topics, “Joseph Smith’s Teachings about Priesthood, Temple, and Women,” topics.lds.org.

Cabanga Ngalokhu

Yini ongayenza ukuze uqonde kangcono futhi uthole izibusiso ezithenjisiwe kwisifungo nesivumelwano sobuphristi?